# IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.

2. Leli phepha linemibuzo EMINE

   UMBUZO 1
   UVALO – NAKANJANI SIBIYA

   UMBUZO 2
   UMALUGAJU – BONGANI MOTAU

   UMBUZO 3
   UMCULO OMNANDI – SITHEMBISO KHWELA

   UMBUZO 4
   BENGINGEKE NGISAKWAZI – STHEMBISO KHWELA

3. Phendula YONKE imibuzo kuleli phepha.

4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni KOMBUZO NGAMUNYE.

6. QALA UMBUZO NGAMUNYE ekhasini ELISHA

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

| IMIBUZO | IZIHLOKO ZEZINDABA | AMAMAKI | AMAKHASI |
|---|---|---|---|
| 1 | UVALO – NAKANJANI SIBIYA | 20 | 3 -3 |
| 2 | UMALUGAJU – BONGANI MOTAU | 15 | 4 - 5 |
| 3 | UMCULO OMNANDI – S. KHWELA | 20 | 5 - 6 |
| 4 | BENGINGEKE NGISAKWAZI – S. KHWELA | 15 | 6 -7 |

**UMBUZO 1**

**UVALO – NAKANJANI SIBIYA**

1. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

| |
|---|
| 'Eyi, uxolo Hlengiwe, bengisacela ukuhleba kancane noLungile," esho ethi ukuhloma ikhanda phansi. Angithi jeqe uHlengiwe, ahleke kakhulu.<br>"Hhayi, kakukho nkinga Ndumiso. Kasethembe nokho ukuthi kanizukuhleba ngami." Angibuke kancane futhi uHlengiwe.<br>"Kangingabazi ukuthi uzobuya esekuthelele ngogqozi uNdumiso."<br>"Kawuzwe uHlengiwe madoda. Usungawubiza ngogqozi njalo umsangano ebengiwufunda?"<br>"Hha, kakukho phela okwedlula lokhu obukwenza. Phela wena ugile izimanga. Kawuboni nje uLungile evuma kalula kangaka ukuxoxa nawe?"<br>**Aluqhumise futhi uhleko** lwakhe umaqinase wansondo.<br>Simshiye-ke sihambisane noNdumiso. Sihamba nje ngilokhu ngiqalaza ukuthi singahlangani nalo doti owuNtobeko engithandana naye. Senginqume ukumala lowo. Ngeke ngisayimela indaba yakhe yokuhlala edakiwe, ewuxathawane.<br>"Ibingeve imnandi inkondlo yakho," kusho mina ngizama ukuziqinisa. Lithanda ukuvevezela nokho iphimbo lami. 'Yehheni bakithi, ngehlelwa yini kangaka? Cha, sengathi akayiboniinkinga yami uNdumiso. Azimonyozelele kancane nje, athi ukungintshontsha ngamehlo. |

1.1 Ubani igama lalo ofuna ukuhleba noLungile? (1)

1.2 UNdumiso wayefuna ukuhleba ngobani lapha? Chaza ngephuzu ELILODWA (2)

1.3 Baphumaphi ohlengiwe noLungile njengoba behamba lapha? (1)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.
Isimo sokukhuluma esilandelayo sichaza….
**Aluqhumise futhi uhleko:**
A Ajabule
B adinwe
C akhale
D ahleke (2)

1.5 Ubani igama lesoka likaLungile? (1)

1.6 Bhala izindawo EZIMBILI uLungile wayefuna ukumalela zona uNtobeko? (2)

1.7 UNtobeko noLungile babevumelene ngokuhlangana ngasikhathi sini? (1)

1.8 IQINISO noma IPHUTHA ukuthi uLungile wayemthanda uNdumiso? Sekela impendulo yakho. (2)

1.9 Ngabe le ndaba inayo ingwijikhwebu? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.10 Sinjani isingeniso sale ndaba? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

1.11 Umbhali ukwazile ukugcina imigomo yendaba emfushane? Bhekisa impendulo yakho enanini labalingiswa. (2)

1.12 Lukuphi uvuthondaba lwale ndaba? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

**UMBUZO 2**
**UMALUGAJU – BONGANI MOTAU**

**2. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

## ISIQESHANA B

'Angizukwanda ngamazwi bakwethu. Ngizothi nje qaphuqaphu bese ngithatha imibuzo. Ngaqala ukumsola uManqoba esabulale umuntu wesihlanu. Bekuthi njalo uma efika edatshukelwe, nehembe elinegazi bese kuzwakala ukuthi kudlwengulwe kwabulawa umuntu wesifazane. Ngangithi uma ngimbuza ngalokhu kudatshukelwa kwakhe, athi ubelwa nezigebengu. Ngaqala ngawabeka amahembe akhe afika nawo kokunye eneruji ebomvu. Okunye okwangisolisa, izibazi zokuklwejwa izinzipho emzimbeni. Akwejwayelekile ukuthi izigebengu zabesilisa zibe nezinzipho ezinde. Kuthe lapho esebulele umuntu wesikhombisa ngase ngazi ukuthi yisoka lami eselingilobolile elingumbulali. Okubuhlungu ukuthi yilo leli soka lami elihola ithimba eliphenya leli cala. Yingakho onke amacala aphelela emoyeni."

Athi qhabu engilazini yamanzi asebekelwe yona. Zishaqekile izintatheli. Abosizo lolkuqala sebephume naye uManqoba. Sekusele izintatheli. Ubuxhafaxhafa babathwebuli nobuxhakaxhaka bezintambo zemibhobho yezintatheli. Yisithangami sabezindaba ongaphika ukuthi sibizwe isigubhukane esinje.

"Ngibe sengiqasha abaphenyi abazimele ukuze baqoqe ubufakazi obanele. Uthe lapho esebulale owesishiyagalolunye noweshumi, yagcwala incwadi. Ngibone kungase kuthathe kude ukubikela amaphoyisa ngoba bekungenzeka angaboshwa umthakathi lona. Bekufanele ngikhethe phakathi kokuba nguZendazamshiya nokuthi ngishade nombulali.

2.1 Ubani igama lowesifazane ozokwethula inkulumo lapha? (1)

2.2 UVumile uthi waqala nini ukumsola uManqoba? (1)

2.3 Bhala izinto EZIMBILI ezazingubufakazi (evidence) bokuthi uManqoba ungumalugaju. (2)

2.4 UManqoba wayesebulele Abantu abangaki ngaphambi kokuba uVumile amlimaze. (2)

2.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.
UZendazamshiya umuntu,
A. Omdala osezoshada
B. Omdala kodwa ongashadile
C. Omncane kodwa ongashadile
D. Omncane kodwa oshadile (2)

2.6 Umlobi uyilandelile imigomo yendaba emfushane. Sekela lokhu ngokubhekisa enanini labalingiswa. (2)

2.7 Owakwabani isibongo uManqoba okukhulunywa ngaye lapha? (1)

2.8 Usebenza msebenzi muni uManqoba? (1)

2.9 Hlobo lonu lodweshu uma uManqoba ecabanga uVumile ukuthi akasabuyi? (2)

2.10 Lithini igama le damu okwakushiywa khona Abantu abadlwenguliwe? (1)

2.11 Ubani igama lenja eyanikwa inyama kule ndaba nguVumile? (1)

2.12 Ukubona kufanele yini ukuthi uVumile azithathele umthetho ngesandla alimaze uManqoba? (2)

2.13 Obani abanye abafika emzini kaVumile. Bala ABABILI. (2)

[15]

**UMBUZO 3**

**UMCULO OMNANDI – SITHEMBISO KHWELA**

3. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Sekuthanda ukunganambithisiseki kahle lokhu. Le nto eyenziwa uFreddy iyawuhlukumeza ngempela umphefumulo kaZandisile. Uma sekuzokwanda kanje ukungasigcini isikhathi, kuya ngokuya kushabalala ukumethemba. Yini ngempela emlibazisile manje ngoba nguye uFreddy onqume ihora leshumi nanye ukuba sihlangane ngalo la eWorkshop? Selishaye ladlula, sezidonsela kweleshumi nambili manje. Awu kahleni bo! Ukusuka khona la enqulwini eChesterville sekungaze kumenze ashiywe yisikhathi ebesinqunywe nguye?

Kumane kumcike uZandisile ukukhumbula ukuthi njengoba eseme kwaze kwavuvukala izinyawo nje ulinde umuntu okunguye obethe akoshaya uleveni eselindile. Kumane kuthi **xhifi,** aqalaze ezitshela ukuthi uzombona othandiweyo wakhe ethi qhamu. Lutho akukhali Freddy lapha. Amehlo akhe aselokhu embonisa ezinye izithandani ebezihlele ukuhlangana njengoba sezibambelene eduze ngezandla. Zibambene nje ziphuma kothenga izipho, kulenga opulasitiki abagqame ngamagama ezitolo ezibizayo. Babodwa abaqabulanayo, okuzishoyo nje ukuthi phakathi kwabo ingelosi yothando ishaya amaphiko, ivuthela umoya wothando nokuzwana.

3.1 Sithini isihloko sale ndaba ekucashunwe kuyo lesi siqephu? (1)

3.2 Ubani igama likamlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

3.3 Ulinde bani uZandisile lapha? (1)

3.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.
Isimo sokukhuluma esilandelayo sichaza….
Kumane kuthi **xhifi:**
A Ajabule
B adinwe
C akhale
D agoduke (1)

3.5 UFreddy ubethe bazohlangana ngasikhathisini lapha noZandisile? (1)

3.6 Bhala izindawo EZIMBILI eyenzeka kuzo le ndaba? (2)

3.7 Wagcina efikile yini uFreddy? Chaza ngephuzu ELILODWA? (2)

3.8 Ubani igama likadadewabo kaFreddy. (1)

3.9 IQINISO noma IPHUTHA ukuthi uFreddy wayeqala ukulindisa uZandisile? Sekela impendulo yakho. (2)

3.10 Ngabe le ndaba inayo ingwijikhwebu? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.11 UZandisile wayecabanga ukuthi lubanjwe (answered) ngubani ucingo ngesikhathi eshayela ekhaya? (1)

3.12 Laliculwa ngubani iculo elalidlala emsakazweni ngesikhathi kungena uZandisile kubo KwaMashu. (2)

3.13 Lukuphi uvuthondaba lwale ndaba? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

**UMBUZO 4**

**BENGINGEKE NGISAKWAZI – STHEMBISO KHWELA**

**4. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA D**

‘Lokhu yincwadi etholakale kuye’ esho eyinika uMaNduli. Aqhubeke usayitsheni athi, ‘imoto yakhe yiyo leya opake eduze kwayo. Ngizocela iphoyisa likuyisele yona ekhaya kodwa kuhle uqale esibhedlela, udlule lapha uma usubuya.’
Washutheka incwadi leyo ephaketheni uMaNduli, wasukuma waphuma. Wake wama isikhashana ebuka imoto kaThemba abengabonanga ukuthi kanti upake eduze kwayo. Ubesengabona kodwa kulokhuya kuphithana abeyikho? Wangena emotweni wayikhuhla yahayiza. Nguye lowaya eyixavatha esebheke eShifa esibhedlela. Nokho, wafika isimo singesibi kakhulu kuThemba. Abakhulumanga ngoba usaxhunywe amapayipi ubuxhakaxhaka uThemba. Wagcina ngokumbuka nje kanjalo, wabe esephindela emotweni izinyembezi zigeleza zehla ngezihlathi. Wayishaya yabhodla imoto isiphindela esiteshini. Wafika esiteshini samaphoyisa nembala lamsiza iphoyisa lamqhubela imoto yakwakhe. Kulokho kudukuza kwakhe ontwini lwenkomo ngokuzama komyeni wakhe ukuzibulala, usethembe le ncwadi ukuba imcacisele.
Wafika endlini akangabheka kwenye indawo. Waqonda ekamelweni lakhe wazivalela wadonsa incwadi wayifunda.

*‘Mama kaNtombi*

*Ngehlulekile ukuhamba kahle kulo mhlaba. Ngehlulekile ukuba umnumzane oqotho, ngehlulekile futhi nokubamba izinkanuko.*
*Umphumela wokuhluleka-ke kube ukuthi ngithole ukuthi senginegciwane lengculaza.  Okubuhlungu ukuthi angazi ukuthi ngalithola kubani, kuphi, nini. Bengingeke-ke ngisakwazi ukuphila nalo nombeza.*

4.1 Ubani igama lo bhale le ncwadi ephethwe nguMaNduli? (1)

4.2 Hlobo luni lwemoto le eyatholakala eduze komgwaqo? (2)

4.3 Lithini igama lesibhedlela ayelele kuso uThemba? (1)

4.4 Yini eyadala ukuba uMaNduli angakhulumi noThemba ngesikhathi esesibhedlela? (2)

4.5 Bala izinto EZIMBILI ezenziwa uThemba nezamenza wafuna ukuzibulala? (2)

4.6 Le ndaba yenzeke ngesikhathi samanje. Fakazela lesi sitatimende ngezibonelo EZIMBILI. (2)

4.7 Qondanisa lokhu okusohleni A nalokhu okusohleni B.

| Uhlu A | Uhlu B |
|---|---|
| 4.7.1 UThembi<br>4.7.2 UNtombi<br>4.7.3 UMaNduli<br>4.7.4 EMgungundlovu<br>4.7.5 ESherwood | a) Isisesiteshini samaphoyisa<br>b) Wafonelwa iphoyisa.<br>c) Umakhelwane wakwaSikhosana.<br>d) Yilapho okwatholakala khona imoto.<br>e) Indodakazi kaMaNduli. |

(5)

ISAMBA: 35